

Izigi ZABALIMI

The official NEWSLETTER of SAFDA



RV PRICE FEBRUARY 2020: R 4 190,09 (R19.87 increased VS January 2020 Price). D Factor 0,398603

Uhlonishwe Ngumengameli Wezwe Ngendondo Usekela-Shlalo Wakwa-SAFDA

USEKELA-SHLALO wenlangano emele abalimi bamoba abamnyama u-SAFDA uNkk. Siphiwe Sithole uhlonishwe ngendondo ebizwa nge Presidential Honorary Award ngeqhaza alibambile kumkhakha wezokulima esiFundazweni saseMpumalanga.

Ukuhlonishwa kukaSithole ngendondo nguMengameli wezwe uMnu. Cyril Ramaphosa kuyingxene yohlelo lweminyaka elishumi yokubheka ukuthi ingabe lingakanani ibanga eselihanjwe iNingizimu Africa kusukela ngonyaka ka-1894 kuya ku-2019 elakuleli lathola inkululeko, lomcimbi ububanjelwe eNyuvesi yaseMpumalanga eMbombela ngoNovemba wangonyaka odlule.

USithole uthi inhoso yokuhlonishwa kwakhe kungenxa yokusebenza kanzima nangokuzikhanda kwenlangano yabo iMawewe Communal Property Association (CPA) ngesikhathi babuyelwa umhlaba."Sisebenza kanzima ukuze siqinisekise ukuthi simile bonke abantu besifazane bakuleli ngendlela efanele siphinde futhi siveze kucace ukuthi yini esiyenza ngomhlaba esinawo."Kusho uSithole

USithole ngokuhlala ungawase ndaweni yaseNkomazi esiFundazweni saseMpumalanga nokuyilapho futhi besebenzela khona kanti ungomunye wabantu ebebengawunakile umkhakha wezoLimo njengomsebenzi ongababekela ukudla etafuleni ngesikhathi besakhula kodwa ngokuhamba kwasikhathi babona lomkhakha ungomunye abangawazi ukuziphilisa ngawo bacebe ngoMhlaba abanawo njengoba nokulima kuyinto abanogqozu kakhulu kuyona. Kulo mhlaba abanawo uSithole usekwaze ukudala amathuba emisebenzi alinganiselwa kumakhulu ayisithupha (600) kanti kubona labasebenzi bangapezu kwamakhulu



The Deputy Chairperson of the South African Farmers Development Association (SAFDA), Mrs Siphiwe Sithole, receiving her prestigious Presidential Honorary Award for her sterling contribution to farming in Mpumalanga.

amathathu (300) abaqashwe ngokugcwelo. USithole uthi "inhlangano yethu iphinde ibe nohlelo lokusiza umphakathi olubizwa nge Corporate Social Investment (CSI) nokuwuhlelo olusiza kakhulu ezikoleni zendawo abasebenza ngaphansi kwazo, abantu abasha kanye nezinselelo eziphekene ngqo nomphakathi".

IMawewe Communal Property Association igale ukulima ngonyaka ka-1996 besebenzisa umhlaba ongama-Hektha ayisikhombisa. Ngemuva kokuhlomula ngomunye umhlaba ngonyaka ka-2015 lenhlangano yabe isiqala ukwandisa izitshalo ezahlukene okubalwa kuzona uBananana, uMango kanye noMoba. USithole uquhuba ngokuthi kusakhona izinselelo abasabhekene nazo emkhakheni kamoba ngenxa yezinqinamba abasabhekene nazo ngenxa kashukela ongena kuleli bese udayisa ngamanami aphansi uma uqathanisa noshukela okhijizwa kuleli, uthi lokhu ikhona okuba yimbangela yokuthi izitatimende zabo zasemabhange zifike zino-negative ngenxa yokuthi abasakwazi ukwenza inzupo eyanele. uSithole unxenxa ukuba

kube khona intela eyehlukile kashukela wangaphandle ngoba ukholelwa ukuthi lokho kungaba isisombululo sokuthi abakhijizi bakashukela wangaphandle bephelelwe umdlandla wokuqhubeke bephakele elakuleli ngoshukela.

Udaba lokubuyiselwa komhlaba kubantu kusawudaba olusadingidwa ePhalamende likaZwelonke. Udaba lokubuyiselwa komhlaba kubantu ngaphandle kwestinxephezelo olunye udaba olwaludingidwa iqembu elibusayo kwinkomfa yayo yokukhetha ubuholi eyayibanjelwe eNasrec ngonyaka ka-2017 nolungaphansi kwestigaba somthethosisekelo uSection 25. "Kusiphatha kabi uma sibukela izinkulumo-mpikiswano zasePhalamende ezithinta udaba lomhlaba kuzwakale abanye abaholi behkuluma engathi asikwazi esingakwenza ngomhlaba uma ungabuyela kubantu, Mina ukuba nomhlaba ngikuthakasela kakhulu futhi ngyifisa ubuye kubantu bakithi abamnyama ngoba yiwona ongenze ngafika kulelizinga engikulona manje". kuphethe uSithole.

Ishiyi Isithombe Senqubekela Phambili Inkomfa Yezokubuyiselwa Kwemhlaba



Abalimi baseMpumalanga ngesikhathi bethamele inkomfa ebighubeka

Inhlangano yabalimi bakamoba iSouth African Farmers Development Association isingathe inkomfa yeziinsuku ezimbili esifundazweni saseMpumalanga nokwakudingidwa kabanzi ngezinselelo ezibhekene nabantu asebabuyelwa umhlabo wabo kodwa abawusebenzisa ngaphansi kwemigomo nemibandela yabalingani babo esiFundazweni iMpumalanga nagcina asebashiya becwhile ezikweletini futhi bengenzi nzudo ngomhlaba wabo.

Lenkomfa yayibanjelwe ngaphansi kwesiqubulo esithi:

"Umhlabo awuhlomulise abantu abafanele emphakathini"
Kanti lenkomfa ibithanyelwe izinhlaka ezahlukene okubalwa abaLimi ababuyelwa umhlabo wabo ngabodwana, amalungu amakomidi ezikhungo ezithinta ezomhlaba, Abamele abanikazi bamaprojekthi asebenzisana nabanikazi bomhlaba, abemboni kaShukela kanye nezinhlaka ezifanele ezaizimele iminyango kaHulumeni waseMpumalanga.


UHLA LWAMAPHUZU OKWAKUDINGIDWA NGAWO KWINKOMFA:

1. Izinselelo eziqhamuka ngezivumelwano ezenziwa kade kusayindwa izinkontileka phakathi kwabanikazi bomhlaba kanye nabanikazi bamaProjekthi abasebenzisana nabo.
2. Ukuqhamuka nezindlala zokuqevesheka kwabalimi ukuzebebenamakhono okuphatha ibhizinisi.
3. Ukufaka isicelo sezimvume sokuba

- nendlela ebagunyaza ukuthola ugesi namanzi ngendlela efanele.
4. Ukuqhamuka nezindlala ezingasiza abalimi ukuze babe yingxenyen yamabhizinisi ezolimo bephinde bakwazi ukudayisa imikhqizo yabo
 5. Ukuqhamuka nezisombululo ezinkingeni ezifanayo eziphakanyiswe abalimi ikakhulukazi labo abaphakamisa ukungagculiseki kwabo ngokuthile (Concern groups).
 6. Ukuqhamuka nezisombululo kwizinkinga eziqhamuka nezindlala ezisetshenziswe ukusingatha udaba lokubuyiselwa komhlaba

Imboni kaShukela ibone umhlabo olinganisela kumaphesenti angamashumi amabili nambili (22%) umhlabo obekutshalwa kuwo umoba usuka ezandleni zabantu abamhlophe ubuyela ezandleni zabantu abamnyama. Lokhu kuLanganisa umhlabo ongama-hector angu 76 538 womhlabo obuyisiwe, lokhu kubala amaphesenti angamashumi amane (40%) kuphela omhlabo okutshalwe kuwo umoba. Uhulumeni wakuleli usesebenzise imali engaphezulu kuka R2,3 billion ukuthenga amasimu kulabo ebebengabanikazi bawo abamhlophe ezindaweni ezingaphezulu kwamakhulu amabili namashumi amathathu nanye (231) (Truts and CPA's). Izindlala eziningi ebezisetsenziswa ngemuva kokubuyiselwa komhlaba bezibala izivumelwano zokuthi labo abebevele belisebenzisa leloPulazi eselibuye emphakathini beqhubevele belisebenzise ngaphansi kwesivumelwano esithize kanti labo bangamaphesenti angamashumi amathathu nesishiyagalololunye (39%),


labo abaziphathele amaPulazi abo babalelwaa kumaphesenti angamashumi amathathu nanye (31%) bese labo abaphethe ngokubambisana nabanini bakudala bangamashumi amabili nanye (29%) bese kuthi labo abawaphethe ngokubambisana bewumphakathi bayiphesenti elilodwa (1%) noma bevele besebenza kuluwomhlaba. Kanti ngaphandle kwamaphesenti angamashumi amane (40%) omhlabo kamoba osezandleni zabantu abamnyama, abalimi bamoba abasalima ngokuncane kanye nabalimi ababuyelwa umhlabo wabo bakwazile ukubamba iqhaza ekwenzeni umkhqizo olinganisela kumaphesenti asuka kwishumi nambili kuya kwishumi nahnlanu (12%-15%) ngonyaka kwimboni kashukela.



Lezibalo zikhombisa ngokusobala ukuthi umhlabo osezandleni zabantu abamnyama awudingi nokuthi kwensiwe izivumelwano ezingcina zivimbela abantu abamnyama ekutheni bakwazi ukuthi bazandisele izindawo zokulima. Kanti noma umhlabo usubuyelile kubanikazi bawo, abantu bebalu elimhlophe basasebenza kulomhlala bephinde bezenzele inzuzzo kuwona. Ingingi lemiphakathi ezuzile ekubuyisweni komhlaba kwimboni kaShukela basingathwe izinkinga zokuba sezikweletini. Kunesibalo



Kwesokunxele: Selby Mamba- SAFDA Agricultural Support Manager, Siphiwe Sithole Isekela likaShlalo wakwaSAFDA, Siyabonga Madlala Ushlalo ka SAFDA ngesikhathi kunesithangami sabezindaba



esikhulayo kulemiphakathi ezuzile ngesikhathi sokubuyelwa umhlaba salabo bantu abakhombisa ukungagculiseki ngendlela izinto ezisebenza ngayo ngenxa yokuthi labo abasemakomidini omphakathi bengakwazi ukubavezela kahle inzupo abasuke beyenzile uma sekumele kuhlukaniswe imali nzuko. Indlela esetshenziswayo ngemuva kokubuyiswya komhlaba ikhombisa ukungakwazi kahle ukusebenzela abalimi abamnyama kanjalo nokuthi kuzuze abanikazi bomhlaba, okungumphakathi. Ukubuyiselwa komhlaba akyusebenzeli imiphakathi eminingi ingakho kukhona isidingo esikhulu sokuthi kubhekisiswe kahle lendlela esetshenziswa uhulumeni yokubuyisa umhlaba kanjalo nokuqinisa ukuthi abalimi abamnyama bayakwazi ukuthi bethole uxhaso olufanele.

OKUVUNYELWENE NGAKHO KWINKOMFA KANYE NEZINYATHELO EZIZOTHATHWA

1. Ikhomishana Yokuqala:

Izivumelwano zabaphethe kwizinhlaka ezisebenza ngokuhlanganyela (JV Agreements)

1. Ukuqinisekisa ukulingana kwamandla okulawula kanye nokubamba iqhaza phakathi kwezinkampani ezisebenza ngokubambisana Kany namalunga esigungo esiphezulu sekomidi. Inhlango u-SAFDA uzoletu ukuqeleshwa kwabasebenzi uphinde usize ekuqondiseni indlela yokusebenza ezinkampanini zabalimi.
2. UKubuyekeza zona uqobo izindlela zokusebenziana kwalezinhlaka.
3. Izivumelwano zomhlaba: Imiphakathi kumele ibe nolwazi ngezivulwano eziuke zenziwe uma kade kunezingxoxo zokudayiswa komhlaba nokuthi ikuphi okusuke kukhokheliwe.
4. UKusingathwa kwezingqungquthela ngenhoso yokuzodingida kabanzi ngezivumelwano eziuke zenziwe.
5. Isiphakamiso sokuthi kuhlanganiswe ndawonye ukunikezelwa kokuxhaswa kwezinye izinto zokusebenza kuma JV- Lokhu kwenzelwe ukuthi izinkampani lezi zangaphandle zingazinyuseli zona izindleko zezinto kanjalo nokuba negunya lokubhaka izitativende zezimali.
6. Labo abaqashwe inkampani esebeznisana nenkampani yomphathi kumele bengasetshenziswa kakhulu okudlula labo abaqashwe ngokukhethwa umphakathi.
7. Izinhlaka ezisebenza ngokuhlanganyela zihamuka nezindlela ezinobuchule ukuze zikwazi ukunciphisa izindleko ngoba zibefuna kunyuke imali mbuyiselwa- ukushintshwa komkhiqizo wenziwe okunye kanjalo nokulawula umshini

IZINYATHELO EZIZOTHATHWA:

1. Inhlango u-SAFDA izocela umnyango wezoLimo, ezokuBuyiselwa komhlaba kanye nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya ukuba usingathe uhlelo lokucubungula izivumelwano lwezokushintshisa ngemali okubalwa kuyo nolwemalimboleko.
- I-SAFDA FMS izocela uhulumeni ukuthi asize ngemali yokuthenga izinsiza kusebenza zokukhiqiza
- U-SAFDA uzoxoxisana nenhlango yeNtelu u-SARS ngodaba lwezikweletu ezikhungethe amaCPA kanye namaTrusts ukuzama ukuthola isisombululo

kube nezaziso kanye nokucubungulwa kwemibiko: ukucaciseleka ukuthi yini ethengiwe(isibonelo. Umhlaba usuke udayiswe nazo yini izimpande zavo noma zisuke zingekho)

2. U-SAFDA uzoletu ochwepheshes abazosebenziana namaJoints Ventures ekubathuthukiseni ngolwazi lwezokuphatha kanye nokuqhuba ngendlela umsebenzi okubalwa kuzona:
 - UKubuyekeza kwezivumelwano zokusebenziana
 - Ubunini bezakhwiwo zama JV
 - UKulingana kwamandla okulawula kanye nokubamba iqhaza
 - Ukuqokwa kwabasebenzi
 - UKunciphisa izindleko zokusebenza
 - UKulekelelana ngosizo lokusebenza ngendlela elinganayo.

IKHOMISHANA YESIBILI: Izinselelo Zezikweletu

*Kuzoqhanyukwa nezisombululo ezizosiza kakhulu ukuxazulula izinselelo zezikweletu ezibhekene ikakhulukazi nabalimi abalima ngokubambisana ngaphansi kwamaprojekthi ikakhulukazi amaJoint ventures

- Inhlango u-SAFDA izoqoka uMcwaningi mabhuku ozocwaninga ngezemalimboleko
- Kuzohlelwa kahle noma kubhekisiswe kahle isikweletu okuyisona esisenthethweni
- UKunxusa uhulumeni ukuthi alekelele ngokukhokhela labo abanezikweletu zemalimboleko
- UKubuyekeza indlela yokusebenziana ezogcina isiza umphakathi ukuthi udlale indima enkulu ebhizinisini
- U-SAFDA uzoxoxisana nenhlango yeNtelu u-SARS ngodaba lwezikweletu ezikhungethe amaCPA kanye namaTrusts ukuzama ukuthola isisombululo

IZINYATHELO EZIZOTHATHWA:

- Inhlango u-SAFDA izocela umnyango wezoLimo, ezokuBuyiselwa komhlaba kanye nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya ukuba usingathe uhlelo lokucubungula izivumelwano lwezokushintshisa ngemali okubalwa kuyo nolwemalimboleko.
- I-SAFDA FMS izocela uhulumeni ukuthi asize ngemali yokuthenga izinsiza kusebenza zokukhiqiza
- U-SAFDA uzoxoxisana nenhlango yeNtelu u-SARS ngodaba lwezikweletu ezikhungethe amaCPA kanye namaTrusts ukuzama ukuthola isisombululo

yeNtelu u-SARS ngodaba lwezikweletu ezikhungethe amaCPA kanye namaTrusts ukuzama ukuthola isisombululo

IKHOMISHANA YESITHATHU: Ukuthuthukiswa Ngamakhono

- Kudingeka ukuthi kube khona ukuthuthukiswa kwamakhono ukuze umphakathi ukwazi ukuba yinxenye yokuqokelwa izikhundla eziphezulu noma ezibalulekile ekusebenzeni kwama Joint Ventures



Abalimi ngesikhathi belalele izinkulomo kwiNkomfa ebebeyithamele

1. Ukuthuthukiswa kwamakhona kugcina kuyinto eshicilelwé phansi akukho lapho kubhekwa khona ukuthi lokhu engabe kuyenze ka yini. Amanye ama JV awanazo ngisho izinhlelo zokuthuthukiswa kwamakhono komphakathi
2. Kudingeka ukuthi kwenziwe ucwaningo ngamakhono adingekayo emphakathini
3. i-SAFDA izobhekisisa ukusungulwa komnyango wokuhlolwa kanye nokuqikelwa kwamakhono adingekayo
4. Amulungu omphakathi kuzomele aphathwe ngendlela elingenayo uma kunemihlangano emikhulu.
5. Amalungu omphakathi ayaludinga futhi uhlelo lokuqequesha ngendlela ezobalula ukuthi bayiqonde.

IZINYATHELO EZIZOTHATHWA:

1. U-SAFDA izokwenza uhlelo loqequesha kuphinde kufundiswe labo abaqokwe njengabaqondisi kanye nabanini bomhlaba.
2. U-SAFDA uzoolekelela ekufundiseni umphakathi ngeMboni kanjalo nokuba ngabaholi abaqotho
3. U-SAFDA izobhekisisa ukusungulwa komnyango wokuhlolwa kanye nokuqikelwa kwamakhono adingekayo

IKHOMISHANA YESINE - Ukuthuthukiswa Kwamabhizinisi

-Ingabe lingakanani iqhaza elibanjwa ngabanini bomhlaba noma umphakathi uma sekwenziwa umkhqizo kamoba?

1. Kuzobekwa indlela ezosiza ukungena ebhizinisini
2. Kuyadingeka ukuthi kube nemali yembewu uma uqala ukutshala.
3. Kumele abalimi bazimbandakanye ezinhlelweni zokukhulisa umkhqizo wabo-lmishini
4. Abathintekayo kumele balekelele ngemali yeMbewu
5. Ukubekwa amathuba okuthuthukiswa kwamakhono
6. Ama-Joint Ventures kumele asungule uhlelo lokweseka amalunga abo ukuze abe osomabhizinisi abamatshubomvu.
7. Kumele kuphinde kubhekwe

amanye amathuba akhona ngomhlaba wabo kungagxilwa kumoba kuphela. (Isibonelo:Izithelo uphayinaphi kanye namakinati)

IZINYATHELO EZIZOTHATHWA:

1. Ama-Joint ventures kumele ahlele indlela okungathuthukiswa ngayo amabhizinizi kuphinde kuqequeshe kabanzi amalunga omphakathi angosonkontileka abanentshisekelo yokuba yingxene yokukhqiqa umoba nokubamba iqhaza emnothweni .
2. U-SAFDA uzolekelela ekuqalweni kwamabhizinisi omphakathi azokwazi ukuhlomula kumathuba ezamabhizinisi.
3. U-SAFDA uxoxoisana nongqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho ngezeloko zokusekelwa kwamathuba okuthuthukiswa kwamabhizinisi akhqiqa umoba.
4. I-SAFDA FMS kuzomele ibheke amanye amathuba akhona ekuguqulen iumkhiziqo kungagxilwa kumoba kuphela izobheka ezinye izindlela zokwenza amabhizinisi okuyiwona akhona futhi aphilisayo (isibonelo:Ukutshala izithelo, amakinati kanye nezokuvakasha)

IKHOMISHANA YESIHLANU:

Ukubusa/Ukuphatha

-ukubusa kokuphatha komhlaba,izinhlaka zamabhizinisi kanye nokuthuthuka komphakathi.

1. Ukubhunga kabanzi ngembangela eyenza kubekhona ukungaboni ngasoline phakathi kwamalungu amaJoint-Ventures
2. Kunesidingo esikhulu sokunusa imali nzozo ukuze kwande isabelo mali somphakathi.
3. U-SAFDA kumele ulekelele ekuqequeshe kwamalunga omphakathi kanye nokuwakha ngamakhono.
4. Kumele kube ukwehlukana kwamandla okuphatha kumalunga omphakathi kanye nalabo abanikezwe igunya lokulawula ibhizinisi ukuze kuqinisekiswe ukuthi umsebenzi webhizinisi uhambe ngendlela efanele.

5. Ukuhlaziya kabusha imigomo kahulumeni ukuze kubhekwe ukuthi ayisebenzi yini ngokwenzelela kwabathile.
6. U-SAFDA kumele ukwazi ukungelela kwizinhlelo ezingasiza ekukhulisweni kwamabhizinisi
7. U-SAFDA kuzomele ungenelele ekuqhamukeni nezisombululo uma kuhona ukungaboni ngasoline.

IZINYATHELO EZIZOTHATHWA:

1. U-SAFDA uzokwenza izigcawu ezivulelele kumalungu ukuze kulalelwé izikhalo ngokulingalana eziqhamuka ngaphandle nangaphakthi bese kutholakala isisombululo.
2. U-SAFDA uzoqala izinhlelo ezizolekelela ukubusa kwabaholi bamaTrusts kanye nama CPA.
3. Kuzosungulwa imigomo ezokwazi ukulekelela umphakathi uma iqoka lawo malunga azobamela njegabaphathi bomhlaba kanye nabaqondisi bezikhungo zamabhizinisi
4. Kuzohlelwá umhlahlandlela wokulekelela ukuthi kukwazi ukuthi kube khona ukwehlukana kwamandla okuphatha uma sekuziwa kubanini bomhlaba kanye nalabo abaqokelwe ukulawula ibhizinisi ukuze kubekhona ukuziphendulela.
5. Kumele kusungulwe umhlahlandlela womthetho yemihlomulo.



Abalimi ngesikhathi belalele izinkulomo kwiNkomfa ebebeyithamele

Uhlelo Lukamanyolo Selutakule

Abalimi Abalima Ngokuncane



Kwesokunxele iNhloko yomnyango WezoLimo e-KZN, Lindiwe Hlubi;Isekela likaShlalo wakwaSAFDA KanyenoSifiso Mnguni Inhloko yomnyango wezabalimi kwaSAFDA ngesikhathi kuvakashe umnyango wezoLimo eSezela

INHLANGANO yabalimi iSouth African Farmers Development Association (SAFDA) yethule ngokusemthethweni uhlelo lukamanyolo (Fertilizer Project) Loluhlelo lwethulwe endaweni yaseSezela oGwini nesiFundazwe saKwaZulu-Natali ngonyaka owedlule. Loluhlelo lukamanyolo beluxhaswe nguMnyango wezokuthuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya kanye nokuBuyiswa koMhlaba. Lolu xhaso lufike ngemuva kokuthi le nhlangano yafaka isicelo kulo mnyango sokuthi ingabe iyiphi indima engadlalwa wumnyango ukunciphisa izindleko zokutshala zabaLimi abasalima ngokuncane.

Umnyango wabe usunika uxhaso lwemali engu R133 066,553 ukusetshenziselwa ukuthenga umanyolo ngesikhathi sokutshala kumhlaba ongama-Hektha angu-35 000 kulolo hlelo kwahlomula abalimi abangu-11 000 esifundazweni saKwaZulu-Natali kanye naseMpumalanga. Kuzokhumbuleka

ukuthi lenhlangano yangena kwisivumelwano sokusebenzisa (Service Level Agreement) nomnyango kusukela ngonyaka u-2018 ngenhloso yokulekelekela abalimi.

Oyinhloko yalo mnyango esifundazweni saKwaZulu-Natali uMnuz. Siza Sibande uthe njengohulumeni kade bazilungiselela ukuthi njengomnyango kumele benikezelo ngosizo olufanele kubalimi bakulesifundazwe ngoba kuwumsebenzi wabo ukuthi bakwenze". Umanyolo yiwona oyizindleko kakhulu kubalimi ngakhoke ukunikwa kwabalimi uxhaso lokuthenga umanyolo sinethembra elikhulu lokuthi kuzophunguka umthwalo emahlolome abo bese kubasiza kakhulu nasekutheni bakwazi ukwenza inzupo ezobaphilisa ngomkhiqizo wabo ozobe uthe xaxa."Kusho uSibande.

OnguSekela-Shlalo wakwa-SAFDA uLindiwe Hlubi uthe ngesikhathi kughamuka nombono wokuthi bacele

uxhaso kuhulumeni inhloso yabo babezama ukuvikela imboni kashukela ukuthiingawi,futhikusizakalenabalimi abalima ngokuncane."Kwasikhathaza kakhulu singu-SAFDA sisanda kusungulwa ukuzwa ukuthi kuthiwe babelinganiselwa ku-50 000 abalimi abalima ngokuncane ababekhona kulemboni sibe sesingenelela ukubanika usizo esiluthola kuhulumeni ngemuva kokunciphia kwasibalo njengoba bebalelw ka-19 000 abalimi abasekhona abalima ngokuncane."

Omunye umlimi wabalima ngokuncane wasoGwini uBheki Mhlane uthe baluthokozela kakhulu uxhaso lukamanyolo abalutholayo luzobasiza ukunciphisa izindleko ababhekene nazo zokutshala "Emasimini ami bengihlezi ngibhekana nengcindezi yokubiza kamanyolo uma sekushaya isikhathi sokutshala lokho obekungenza ngibuye ngikungabaze ukuqhubeka nokutshala umoba ngenxa yokuthi bengigcina ngayiboni inzupo". Kusho uMhlane.

Sebekhokheliwe Izimali Zezimbewu Zikamoba Abalimi



Umlimi waseMpumalanga uPatric Vilakazi ePulazini lakhe

E kugcineni sezikhokheliwe izimbewu zikamoba kubona bonke abalimi abasalima ngokuncane (Small-Scale Growers) obesekuphele isikhathi eside zilindiwe kanti zitholwe yilabo abafanelekile nabakulungele ngokwemigomo yohlelo lwenhlangano u-SASA. Lezinkokhelo zikaJanuvari 2020 ziza ngemva kokuncisawa kwezindleko zembewu ezasebenza ngesikhathi kutshalwa ngonyaka ka-2018. Izinkulomompikiswano ebeziphakathi kwezinhlaka ezintathu zemboni kaShukela bezimayelana nohlu lwabalimi abafanele

kuuhlomula kuloluhlelo yazona eziholele ekuthenini kubambezeleke ukukhokheleka kwabalimi. Abalimi basesiFundazweni saKwaZulu-Natali yibona ababe ngabokuqala ukukhokheleka kanti kube nomdonsiwano omude ngohlu lwamalimi okumele bakhokhelwe esiFundazweni saseMpumalanga. Umdonsiwano wabaseMpumalanga uze waphoqa ukuthi kube nokubhekiswa kwezingcukaca zabanye babalimi eziphumelele ngemva kokuthi zidingidwe kabanzi emhlanganweni obuphakathi kukaSAFDA,RCL kanye neSA Cane Growers emhlanganweni obubanjwe

mhla zingu-31 Januvari 2020. "Siyafisa ukunazisa ukuthi bonke abalimi ababethole izincomo ngokuthi bakulungele ukutshala ngeSeason ka2018-2019 esiFundazweni iMpumalanga ekugcineni sebezothola izimali zabo zembewu kamoba ababelime ngayo.Lokhu kwenzeke ngoba uSAFDA ulwe kanzima ukuqinisekisa ukuthi abalimi baseMpumalanga abebevalelwé ngaphandle bayazithola izimfanelo zabo". Kusho Oyinhloko emnyangweni wezabaLimi ngaphansi kaSAFDA uMnuz. Sfiso Mnguni.

Umakadebona Womlimi Usencome U-SAFDA **Wanxusa Nentsha Ukuthi Ibe Ngabalimi**

Owesifazane oneminyaka engamashumi ayisithupha nane (64) USindisiwe Mdluli wasendaweni yase-Ensingwini Reserve eGingindlovu nosebe kulemboni kamoba iminyaka engamashumi amane nesishiyagalombili (48). UMdluli wathola ipulazi lakhe lokuqala ngonyaka ka 1972. Lo wesifazane onabantwana abane uthi ukulima umoba ikhona okumngenisela imali emndenini wakhe". Ukuba ngumlimi kamoba kwenze impilo yami yabalula kakhulu ngakwazi ukufundisa abantwana bami ngabakhela nekhaya kumanje abanye bashadile bahlala emizini yabo ngenxa yemali engiyenza ngokutshala umoba". Kusho uMdluli.

UMdluli uqhube ngokuthi umanyolo abawuthola kwa-SAFDA kanye nakuHulumeni udlale indima enkulu emapulazini lakhe,uthi kumanje umoba wakhe usubukeka umuhle unomsoco futhi uluhlaza kahle uma uqhathanisa nowangesikhathi sangaphambilini

"Bengisezinhlleweni zokususa zonke izimpande zikamoba ngiqale phansi yonke into kodwa indodakazi yami yabe isingitshela ukuthi angifake uhlolo lukamanyolo wakwaSAFDA okuthiwa i-5:1:5 yilapho ngaqala khona ukubona umehluko emasimini ami kuze kuge yimanje konke kusamile ngendlela efanele. UMDluli uthi kumsize kakhulu ukuba ngaphansi kwabaluleki bakwaSAFDA nababizwa ngama Farmers Development Advisors (FDA) ngoba bakwazile ukumfundisa ukutshala umoba ngendlela okuyiyona baphinda bamfundisa nokuthi iyiphi indlela efanele yokufaka umanyolo emhlabathini kanye nokufaka isibulala nambuzana kanye nokhula. "Bengijwayele ukutshala noma ikanjani futhi nginganaki kokunye indlela engitshale ngayo kodwa ngemuva kokuqeleshwa ngendlela efanele ngabeLuleki bami ubemkhulu kakhulu umehluko ekutshaleni kwami". UMDluli uthi uyafisa ukubona abantu



Umlimi waseKZN Sindisiwe Mdluli esePulazini lakhe eNsingwini eGingindlovu

abasha bengena emkhakheni wezoLimo
yize abanye bebona lomkhakha
njengodelelelekile futhi bewubuka engathi
ewabantu abangafundile

"Intsha yanamuhl izitshela ukuthi ukuba kulomkhakha wokulima mhlampe yingoba

ungenayo into ongayenza empilweni kanti iyakhohlwa ukuthi ezoLimo zidlala indima enkulu ngisho nasekuthuthiseni umnotho”. Kuphetha uMdluli

Ukuzwakala Kuka SAFDA Emsakazweni Kusabalalise Ulwazi Kubalimi

INHLANGANO yakwa-SAFDA yathenga izikhathi ezihlukene kwisiteshi somsakazo i'Vuma FM esingeziye zeziteshi ezihamba phambili esiFundazweni saKwaZulu-Natali ngabalaleli abangaphezu kwasigidi. Loluhlelo lokuzwakala kuka SAFDA emsakazweni luthatheizinyanga eziyisthupha ngenhoso yokubhebhethekisa kabanzi ngezinhlelo zale nhlangano kanye nokusebenza kwayo okubalwa phakathi imisebenzi eyahlukene eyenziwa izimenenja, Imihlomulo evela kuhulumeni kanye nangohlelo iMantirho Foundation programme.

Izingxoxo ezazensiwa zazihlanganisa izikhulu eziphezulu zalenhlangano esifundazweni i-KZN kanye nesifundazwe saseMpumalanga. Lezinkulomo zaseMsakazweni zikaSAFDA bezenzeka Kanye ngesonto nobekuthatha imizuzu elishumi nanhlanu (15 minutes) kanti ngenyanga lenhlangano yayithola ithuba lokuba semoyeni izinsuku ezine kukhulunya ngemisebenzi yale nhlangano, izinselelo kanye nezinto esikwazile ukuzenza ukushintsha izimpilo zabalimi bamoba abamnyama.

Ukuthengwa kwasikhathi kwiVuma FM kwakungagcini ngezingxoxo kuphela kodwa kwakukhona nezikhangiso ezazidlala ezinhelweni ezalhukene kusukela ohlelweni lwestidlo sasekuseni oluqala ngehra lesithupha ekuseni kuya kwizinhlelo zasebusuku eziphele ngehra leshumi ebusuku. Ukuqala kwezingxoxo zaqala ukungena ligamenxe ihora lesikhombisa ekuseni kuya ku 07:45 nokwathi ngokuhamba kwasikhathi lwashitshela ohleweni lwezindaba lwantambama olwenziwa nguManelisi Ndwandwe olubizwa ngokuthi lkzn in60 minutes uSAFDA ubungena emoyeni kusuke ngehra lesikhombisa kusihlwakuya ku 19:15. Lokhu kuba semoyeni kukhulunya ngalenhlangano kwakungagcini ngengxoxo kodwa yaphinde ithole ithuba lokungena kwezingcingo zabalaleli bebuza



Vuma FM logo

imibuzo, ama-emails kanye nemiyalezo eyayiqhamuka ngezinkundla zokuxhumana i-facebook. Amanye amaziko abezindaba nawo abe esekhombisa

ukuba nentshisekelo yokusebenzisana nalenhlangano ngenxa yethuba eyalithola kwiVuma FM elasabalalisa kakhulu ukusebenza kwale nhlangano.